# Intombazana ehlakaniphile



**Sodi Sibiya**

UPhiwile wayeyintombazana ehlakaniphile.
Wayecabanga ngokushesha.
UPhiwile wanikezwa umsebenzi wokutshala.
Wayefuna ukutshala utshani emzini wakubo.





UPhiwile wayengalufuni usizo lwabanye abantu.

Wayehlakaniphe kakhulu ngisho nasekilasini lakhe. Wayenamandla futhi angesabi. Wayeshesha ekucwaningeni uma efuna ukwenza izinto.





UPhiwile wavakashela umtapo wolwazi wesikole. Wafuna incwadi ephathene nezokutshala.

“Lencwadi ephathelene nezokutshala izongikhombisa izindlela ezibalulekile,” wakusho lokho ecabange izindlela ezilandelwa uma kutshalwa.

Wathola incwadi efanele, ezomsiza. UPhiwile wayehlakaniphile. Wayithola ngokushesha, wajabula.





UPhiwile wakhipha ukhula, kepha wayengenabo utshani.

Waphoqeleka ukuthi athathe emalini azongele yona.
“Ngizosebenzisa imali engiyibekelwe ngubaba.”

Wathenga utshani wahlanyela.
Ingadi yayingamamitha ayisihlanu ubude, namamitha amathathu ububanzi. Waqala ukunisela utshani abutshalile. Wasebenzisa ithini elalinezimbobo. Ingadi kaPhiwile yaba yihle ngotshani.





Utshani baqala ukukhula. Babaluhlaza, bubuhle. Ngemuva kwamalangana, wabona ukuthi kukhona izinambuzane engadini. “Lezinambuzane zizomosha utshani bami.”

Akanawo umuthi wokubulala izinambuzane. Akanayo nemali yokuthenga. Uzokwenzenjani? Angabulala izinambuzane ngamanzi abilayo? Kuzofa notshani abutshalile.





Waphinde wathatha incwadi ephathelene nezokutshala.
“Izovula umqondo wami. Ngizobunakekela lobu tshani.”
UPhiwile waqala ngokubheka uhla lokuqukethwe yilencwadi. Wathola ikhasi elikhuluma ngokuthi zibulawa kanjani izinambuzane.

UPhiwile wathola indlela yokuzenzela umuthi wokubulala izinambuzane.

"Lencwadi iyabona ukuthi kuyaphuthuma. Inginikeza lonke ulwazi engiludingayo. Namuhla, zonke izinambuzane zizongazi kahle."





Kulula ukuzenzela umuthi wokubulala izinambuzane. UPhiwile wafunda konke lokhu encwadini. Udinga lokhu okulandelayo: Qala ngokuthela izinkomishi zamanzi ezine kujeke. Bese ufaka izipunu eziyisihlanu zensipho yezitsha engamanzi.

Ukuze umuthi wanele kahle, uPhiwile kuzomele engeze inani lalezinto. Wathela izinkomishi zamanzi ezingamashumi amabili ebhakedeni.





UPhiwile kuzomele athele insipho engamanzi.
“Ngidinga engakanani?”
Uqala ukubala:

Izinkomishi ezine- izipunu eziyisihlanu

Izinkomishi eziyisishiyagalombili- izipunu eziyishumi

Izinkomishi eziyishumi nambili- izipunu eziyishumi nesihlanu.

UPhiwile waqhubeka wabala waze wafika ezinkomishini ezingamashumi amabili. Lokhu kuzolunga. UPhiwile waneliseka.





Sebenzisa ibhodlela lokuchela. Chela yonke indawo enotshani. UPhiwile wachela utshani zonke izinsuku, amasonto amathathu.

Utshani bukaPhiwile baqala ukuba luhlaza. Bakhula baba buhle. Utshani obuhlala buluhlaza. Lotshani badinga ukugundwa.





UPhiwile wafuna isikelo esikhulu. Wahlala phansi otshanini waqala ukubugunda.

Ha! Utshani buhle futhi buyalingana. Utshani obuhlala buluhlaza.

UPhiwile wajabula. Utshani bukaPhiwile babubuhle kakhulu. Lentombazana ehlakaniphile iphumelele.
Waba nguPhiwile inkanyezi ekhazimulayo!



Ulwazi Lwethu Readers

## Izinga 1-2

- Isomiso
- UNunu noBobo
- Amawele asizayo
- Lingandiza?
- Vala, vula, veza!
- Imbongolo kaGumbi
- Inyoka esibayeni!
- UMbali ukhumbule ubaba
- UMbimbi nesicabucabu
- UNdumi ufuna ukupenda
- UBongi umatasatasa!
- Basepulazini
- Bukela kimina, Phephe
- UShaka umangele!
- UMenzi nokuhlanzeka!
- Umlilo!
- Bahlala bebobabili!
- Umshado wezinkawu
- UShonaphi ulimele
- Asongeni amanzi
- UFumani nembuzi
- Isobho lemifino
- Isihluthu
- Abangani kunoma yisiphi isimo sezulu!
- Ubuchule bukaSidlodlo

## Izinga 3

- Ijazi eliguqukile
- Angiyithandi imifino!
- UNtando ojabulile!
- Uthingo lwenkosazane lukaThando
- Ingubo kaShila
- Uthando lwamawele
- Izicathulo zikaThobile ezintsha
- Basiza umkhulu ukuze alulame
- UNtombi ubamba isigebengu!
- Isifo sezingulube
- Umlimi uNceku nezinkawu
- Ukufunda ngamaxoxo
- Isifiso sikaNhlawulo siyafezeka
- Amanzi! Amanzi!
- Isihlahla eselaphayo
- UMoli neziqhumane
- Amaqanda kaDwiki alahlekile
- Isimangaliso sembewu
- UMabonwa uyasazi isikhathi
- Soweto
- Icebo elihle likaMandla
- Izipho
- Isibhelane sikaKulani
- UFani noSiba
- Umdlali ovelele
- Ibhola elilahlekile
- Indandatho yegolide
- UMondli uphethwe yisisu
- Ukunambitha ukudla kwesiVenda
- Isiko lwamaVenda
- Sivakashela esiqiwini
- UNomazwi uzigcina ephilile!

## Izinga 4-5

- Izinyosi
- Ujaheni Wenzile?
- Ingwenya enonya
- Izinhlobo zezithuthi
- Ukuziphindisela kwezinkunzi
- UThuthuva uqala kabusha
- Intombazana ehlakaniphile
- Izimpahla zinkulu kimi!
- Abafana abahlakaniphile
- Umdobi wezinhlanzi
- Ubusuku obungalaleki
- Isifo somkhuhlane
- UNomadlakadlaka onesibindi!
- Inkinga engadini kagogo
- Isicathulo esihle
- Iphupho likaSiviwe

Ulwazi Lwethu yiphrojekthi yeZenex Foundation exhaswe ngezimali futhi esungulwe ukuthuthukisa uchungechunge lwezincwadi zokufunda zolimi lwase-Afrika, ezisemazingeni kanye nezokungcebeleka, nezinsiza zokusekela othisha. Le phrojekthi iqondiswe ekufundiseni nasekusekeleni abafundi abaseSigabeni Sabokhewane ukuze bathuthukise ukufunda nokuqonda kwabo ulimi lwasekhaya. Izincwadi zokufunda zisungulwe ngezilimi eziyisishiyagalolunye zase-Afrika ngokubambisana neMolteno Institute for Language and Literacies, Nelson Mandela Institute for Education and Rural Development, Room to Read South Africa, kanye neSaide. Zonke izinsiza zenziwa njenge “Open Education Resources” (OER).

Please visit our website to download the full copy of this reader:
***ulwazilwethu.org.za***

Creative Commons Attribution-NonCommercial-NoDerivatives (CC BY-NC-ND) 4.0 International Licence

Disclaimer: You are free to download and share this work as long as you attribute Zenex Foundation, but you may not change this work in any way or use it commercially.

ISBN: 978-1-77981-496-8